Isiqinisiso 2

Isihloko sesifundo: Ikusasa lethu - Ukuhlanganyela okuPhakade noNkulunkulu

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: Ikusasa lethu - Ukuhlanganyela okuPhakade noNkulunkulu

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). Qaphela: 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 2. 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesiQinisiso ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. *Isibonelo*: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To….)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesiQinisiso -2 nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha.

Isifundo

Isihloko	Ikusasa lethu - Ukuhlanganyela okuPhakade noNkulunkulu
Umbhalo weBhayibheli	• NgokukaJohane 14: 1 - 3 • 1 KwabaseThesalonika 4: 15 - 17 • 1 KwabaseKorinte 15: 50 - 52 • Isambulo 19: 6 - 9, 3: 10, 20: 1 - 3, 20: 6, 20: 7, 10, 20: 11 - 15, 21: 1 - 22
Ikhatekizimu, Ikhatekisimu yemibuzo nezimpendulo	Isahluko 10 kuKhatekisimu kanye ne Khatekisimu yemibuzo nezimpendulo - 549 - 581

Inhloso yesifundo	Inhloso yalesi sifundo: AbaQinisiswa bayazazi izehlakalo eziyoba umsusa wokubuya kukaKrestu okumayelana necebo likaNkulunkulu lensindiso.

Isifundo esifingqiwe:

Ukulandelana kwezehlakalo okumele sizilindele esikhathini esizayo okufaka phakathi lezi ezilandelayo:

• Ukubuya kukaKrestu (Uvuko kokuqala): INkosi uJesu izobuya, abafileyo kuKristu bavuke bese kuthi abaphilayo abaye bazivumela ukuba balungiselelwe lesehlakalo bazoguqulwa. Ngokuhlanganyela bayohlwithwa bahlanganyele neNkosini (1 KwabaseThes. 4: 15 - 17 & 1 KwabaseKorinte 15: 50 -52).

• Umshado eZulwini: Umshado weWundlu uyokwenzeka eZulwini (Isambulo 19: 6 - 9).

• Usizi olukhulu: Ngemuva kokubuyela kukaKristu eZulwini, kuzoqala isikhathi emhlabeni lapho abantu kanye nendalo bayovelela obala emandleni kaSathane (Isambulo 3: 10).

- Ukubuya kweNkosi ngamandla nenkazimulo: Ngemuva komshado eZulwini, uKristu uyobuya emhlabeni namazibulo futhi aqede isikhathi sokuhlupheka okukhulu. USathane uyoboshwa aphonswe emgodini ongenamkhawulo (Isambulo 20: 1-3).

• Umbuso wokuthula: Amaqhawe ayofela ukholo kusukela esikhathini sosizi olukhulu ayovuswa ekufeni. Lokhu kuphelelelisa uvuko lokuqala. UKristu uyobe esemisa umbuso waKhe wokuthula futhi abuse njengeNkosi "iminyaka eyinkulungwane" (Isambulo 20: 6).

- Ukwahlulela kokugcina: Ngemuva kokuphela kombuso wokuthula, uSathane uyokhululwa ekuboshweni, adukise abaningi, emva kwalokho aphonswe echibini lomlilo (Isambulo 20: 7, 10). Lokhu kuyolandelwa ukuvuka kwabafileyo ukwahlulelwa kokugcina. UKristu uyobe esehlulela bonke labo abangazange bahlanganyele ovukweni lokuqala (Isambulo 20: 11–15).

• INdalo eNtsha: uNkulunkulu uyobe esedala izulu elisha nomhlaba omusha esikhundleni sendalo endala (Isambulo 21: 1-22).

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

Kulesisifundo sifunde ngalokhu:

Uvuko lokuqala

- **ü** Ukubuya kweNkosi uJesu. Ukuguqulwa komphefumulo womlobokazi. Ukuhlwithelwa kuJesu Kristu.

Umshado weWundlu eZulwini

- **ü** Cabanga ngomshado eZulwini

Umbuso wokuthula weminyaka eyinkulungwane

- **ü** UJesu Kristu uyobuya emhlabeni. Uyomisa umbuso waKhe uqobo. USathane uyoboshwa.

Ukwahlulela kokugcina

- **ü** Ngemuva kombuso wokuthula. USathane uyokhululwa. UJesu uyohlala esihlalweni sokwahlulela.

Indalo entsha

- **ü** Emva kwakho konke lokhu uNkulunkulu uyomisa indalo entsha esikhundeni sendalo endala.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Obani abayohlwithwa lapho iNkosi uJesu ibuya na?

Impendulo: Yilabo abazelwe kabusha ngamanzi nangoMoya oNgcwele, abakholwa kuJesu Kristu, futhi nabamlandelayo.

2. Yimiphi imiphefumulo evela enhlalweni yabalele iNkosi uJesu ayoyithathela kuYe uqobo na?

Impendulo: Abafele kuKristu, nalabo okuthe ezinkonzweni zabalele bamukeliswa uMbhapathizo oNgcwele kanye noGcobo lukaMoya oNgcwele futhi nalabo uNkulunkulu ayobapha umusa.

3. Ingabe uKristu uyobuya nini ukuzolanda umakoti waKhe na?

Impendulo: NguNkulunkulu oziqu zintathu kuphela owaziyo ukuthi uKristu uyobuya nini ukuzolanda abaKhe.

4. Ingabe uwucabanga ukuba unjani umbuso wokuthula na?

Impendulo: Izimfundiso zikaKristu zizoshunyayelwa kubo bonke abantu ngendlela engenakuphazanyiswa emhlabeni nasezinhlalweni zabalele. Siyobusa noKristu. Ngalesosikhathi, uSathane ngeke asakwazi ukudukisa noma ngubani ngoba uyobe eboshiwe.

5. Yini uNkulunkulu ayihlelele isikhathi esilandela ukwahlulela kokugcina na?

Impendulo: Indalo endala iyonyamalala bese esikhundleni sayo kumiswa indalo entsha. Izulu elisha nomhlaba omusha nokokugcina kuyoba ukuthi okwedlulile kungeke kusakhunjulwa.

Umbhalo ongeziwe Bazali abathandekayo

1. Umsebenzi okufanele wenziwe encwadini yesiQinisiso yengane. Kuyingxenye yesifundo 26. Lokhu kungenziwa ngemuva kokuthi isifundo sethuliwe kubo noma uma uthanda, ungakwenza njengomsebenzi lapho wena nengane yakho nikwenza khona ngokuhlanganyela.

2. Njengengxenye yomsebenzi wesekhaya, ingane yakho kumele futhi ijwayele ukufunda njalo isivumo sokholo seshiyagalolunye.

Ngamazwi athi:

Ngiyakholwa ukuthi iNkosi uJesu iyobuya ngokuqinisekileyo njengoba yenyukela ezulwini nokuthi izothathela kuYe izithelo zokuqala zabafileyo kanye nabaphilayo ababenethemba elikhulu futhi belungiselelwe ukubuya kwaYo; ukuthi emva komshado ezulwini uyobuyela emhlabeni kanye nabo, ukumisa umbuso waKhe wokuthula nokuthi babuse kanye naYe njengobupristi bobukhosi. Ngemuva kokuphothulwa kombuso wokuthula, uyokwahlulela kokugcina. Ngemuva kwalokho uNkulunkulu uzodala izulu elisha nomhlaba omusha, ahlale nabantu baKhe phakade.

QAPHELA: AbaQinisiswa kudingeke bazi leso naleso sivumo sokholo kulezi eziyishumi noma bakwazi ukuzichaza ekupheleni kwezifundo zabo zesiQinisiso.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Baba oseZulwini othandekayo, kuyisibusiso ukuba ngibe yingxenye yalolusuku

Singcwelise njengabazali nezingane

Sivumele sibuzwe sibubone ubukhona baKho

Busisa isifundo futhi usifundise ukukukhonza

Sicela usisize ukwenza intando yaKho

Futhi yamukela ukubonga kwethu uthando lwaKho olungenamibandela

Sicela usisize kumizamo yethu yokulungela ukubuya kukaJesu Krestu

Sicela lokhu egameni lika Jesu - Ameni